

# **Ukuqonda Nokwabelana Ngemizwa Yabanye**

## **Isigcawu 1**

UGabi ube sekudleni nabangane bakhe, kodwalapho egijimela endlini yangasese, ushiye ucingo lwakhe phezu kwetafula. Njengoba esaphumile, umngane wakhe uCastel uthathe ucingo lukaGabi waqala ukufunda imilayezo yakhe. Umlayezo wokuqala awubonile ocasulayo ovela kumama kaGabi ngenxa yokuthi akaphumelelanga esifundweni sezibalo.

- Kuzomenza azizwe kanjani lokho uGabi?
- Kungani uGabi ebengafuni ukutshela abangane bakhe ngemiphumela yakhe engemihle?
- Ingabe izenzo zikaCastel ziyanukeleka?
- Abanye abangane abasetafuleni lokudla bazozizwa kanjani ngezenzo zikaCastel?
- Ucabangani ngoCastel? Ingabe uCastel wenza kahle? Wena ungathanda yini ukuba umngane kaCastel?
  - Ungazizwa kanjani uma othile enze kanjalo kuwe?
  - Ingabe kulungile yini ukubonela omunye umuntu? Kuthiwani uma ukhathazeke ngomngane wakho?

## **Isigcawu 2**

URodrigo ukhuluma noCaitlin njengoba ekutshwa futhi ewela odakeni. UCaitlin ucabanga ukuthi ubukeka kabi bese emthwebula isithombe, kodwa uRodrigo akahleki futhi ubukeka ehlazekile.

- Kungani uCaitlin angase axhome leso sithombe kwi-inthanethi?
- Kungani uRodrigo ecasukile?
- Ucabanga ukuthi uRodrigo kumelwe athini kuCaitlin?
- Ungazizwa kanjani uma othile engakuthwebula isithombe esihlazisayo? Ubungathanda yini sixhonywe kwi-inthanethi?
- Ingabe lesi simo siyisigameko sokuhlukunyezwa?

## **Isigcawu 3**

UVictoria ungumfundu weminyaka engu-15 ubudala onobhuti ababili, umama, kanye nabangane abaningi nafunda nabo esikoleni. UVictoria noMarek bafunda bonke futhi basebenza bonke kwiphrokethi yekilasi lesayensi. Izolo, babbale isivivinyo sesayensi, futhi lapho bonke sebethole imiphumela yabo, uMarek wabona ukuthi uVictoria akajabule neze. Ngeviki elilandelayo, uVictoria akezi esikoleni izinsuku ezimbalwa, ngakho uMarek kumelwe asebenze yedwa kuleyo phrokethi yesayensi. Lapho ebuya, utshela uMarek ukuthi bekaye kwadokotela, kodwa akabe esanaba ngenkulomo.

- Ubani odinga ukwazi ngemiphumela yakhe esikoleni? Umlando wakhe wezokwelashwa? Kungani?
- Ubani uVictoria angafuna ukukhuluma naye ngalezi zindaba?
- Empilweni yakho, yiziphi izibonelo zokwaziswa ofuna abazali bakho / abakunakekelayo ukuba bakubone kodwa hhayi abangane bakho, noma ngenye indlela?

# **Ukuqonda Nokwabelana Ngemizwa Yabanye: Ikhophi Yomfundisi**

## **Isigcawu 1**

UGabi ube sekudleni nabangane bakhe, kodwalapho egijimela endlini yangasese, ushiye ucingo lwakhe phezu kwetafula. Njengoba esaphumile, umngane wakhe uCastel uthathe ucingo lukaGabi waqala ukufunda imilayezo yakhe. Umlayezo wokuqala awubonile ocasulayo ovela kumama kaGabi ngenxa yokuthi akaphumelelanga esifundweni sezibalo.

- Kuzomenza azizwe kanjani lokho uGabi?
  - UGabi angazizwa kwangathi imfihlo yakhe ijivaziwe futhi alahlekelwe nakuwumethemba umngane wakhe.
- Kungani uGabi ebengafuni ukutshela abangane bakhe ngemiphumela yakhe engemihle?
  - UGabi angabheka izifundo zakhe njengeziwukwazisa kwakhe okuyimfihlo.
- Ingabe izenzo zikaCastel ziyanukeleka?
  - Ababambiqhaza kumelwe bacabangele ezabo izinqubo zemfihlo ngokuqondene nezifundo kanye nezingingo zabo, kuhlanganise nalokho abakulindele kubangane babo.
- Abanye abangane abasetafuleni lokudla bazozizwa kanjani ngezenzo zikaCastel?
  - Ababambiqhaza kumelwe bacabangele indlela abangenza ngayo uma bengabona ukuziphatha okungafanele.
- Ucabangani ngoCastel? Ingabe uCastel wenza kahle? Wena ungathanda yini ukuba umngane kaCastel?
  - Ungazizwa kanjani uma othile enze kanjalo kuwe?
  - Ingabe kulungile yini ukubonela omunye umuntu? Kuthiwani uma ukhathazeke ngomngane wakho?
  - Ababambiqhaza kumelwe babheke izinqubo zabo ngemfihlo kanye nobudlelwane babo siqu.

## **Isigcawu 2**

URodrigo ukhuluma noCaitlin njengoba ekutshwa futhi ewela odakeni. UCaitlin ucabanga ukuthi ubukeka kabi bese emthwebula isithombe, kodwa uRodrigo akahleki futhi ubukeka ehlazekile.

- Kungani uCaitlin angase axhome leso sithombe kwi-inthanethi?
  - Ababambiqhaza kumelwe baqaphele izinhloso zikaCaitlin: ukuthola abahleki noma abathandi ngokuvamile kuyisikhuthazo sokuba uxhome okuthile kwi-inthanethi, uma nje lokho kungeke kwehlise omunye umuntu isithunzi.
- Kungani uRodrigo ecasukile?
  - Ababambiqhaza kumelwe babheke indlela yokucabangela imizwa yabanye lapho besebenzisa umthombo wezokuxhumana.
- Ucabanga ukuthi uRodrigo kumelwe athini kuCaitlin?
  - Ababambiqhaza kumelwe beze namacebo okuxazulula lokhu kuziphatha.
- Ungaziza kanjani uma othile engakuthwebula isithombe esihlazisayo? Ubungathanda yini sixhonywe kwi-inthanethi?
  - Ababambiqhaza kumelwe bacabangele izinqubo zabo kulokho abafuna kwabiwe ngabanye kwi-inthanethi.
- Ingabe lesi simo siysisigameko sokuhlukunyezwa?
  - Ababambiqhaza kumelwe bacabangele okubangela ukuhlukumeza futhi baxoxe ngezimfanelo zalesi simo ngokuqondile.

## **Isigcawu 3**

UVictoria ungumfundu weminyaka engu-15 ubudala onobhuti ababili, umama, kanye nabangane abaningi nafunda nabo esikoleni. UVictoria noMarek bafunda bonke futhi basebenza bonke kwiphrokethi yekilasi lesayensi. Izolo, babbale isivivinyo sesayensi, futhi lapho bonke sebethole imiphumela yabo, uMarek wabona ukuthi uVictoria akajabule neze. Ngeviki elilandelayo, uVictoria akezi esikoleni izinsuku ezimbawla, ngakho uMarek kumelwe asebenze yedwa kuleyo phrokethi yesayensi. Lapho ebuya, utshela uMarek ukuthi bekaye kwadokotela, kodwa akabe esanaba ngenkulomo.

- Ubani odinga ukwazi ngemiphumela yakhe esikoleni? Umlando wakhe wezokwelashwa? Kungani?

- Ababambiqhaza kumelwe bacabangele indlela ukwaziswa okuhlukile okunamazinga ahlukahlukene ngakho ngokwemfihlo. Imiphumela kaVictoria yasesikoleni iwukwaziswa okuzwelayo angeke athande ukuba abangane bakhe, afunda nabo, noma iningi likwazi. Kodwa, akuyona imfihlo kubazali bakhe / labo abamnakekelayo. Kunjalo nangomlando wakhe wezokwelashwa, ngisho nakuba lokho kwaziswa kuzwela nakakhulu.

- Ubani uVictoria angafuna ukukhuluma naye ngalezi zindaba?

- UVictoria angafuna ukugcina ukwaziswa kwakhe kuyimfihlo. Lesi sinquomo kumelwe sihlonishwe. Angakhetha nokuthi abelane ngokunye kokwaziswa kwakhe okuyimfihlo, kodwa hhayi konke. Ngokwesibonelo, angabelana nabazali bakhe / abamnakekelayo ngobunzima aye wabhekana nabo esikoleni ngemiphumela yakhe, kodwa hhayi abangane bakhe.

- Empilweni yakho, yiziphi izibonelo zokwaziswa ofuna abazali bakho / abakunakekelayo ukuba bakubone kodwa hhayi abangane bakho, noma ngenye indlela?

- Ababambiqhaza kumelwe bacabangele abazokukhetha ngokuqondene nemfihlo.